

Zulu war and Mandlakazi faction; one  
folktale (Nkababomvu) K13/149

17

S.279.

K13/  
AT/5/149

D.Shamase.

1b

Impi ka Cetshwayo yeso Ndini.

Ubilini no Sihayo babelande abafazi ababo esilungwini sebefika bebanika kuthe kusendleleni umibilini no Sihayo babulala abafazi babo. Abalungu ke sebebalandela ngemuva befuna umibilini no Sihayo abelungu sebeza ku Cetshwayo. uCetshwayo wayesebiza izikhulu zonke uCetshwayo ezozit hela lokhu okufika na balungu sekuphendula uHamu esevumela abelungu ethi ababanjwe lababantu bahambe nabelungu. Kwasekubizwa amabutho assethwela lendaba asehi amabutho azokulwa wona alwe nabelungu usephendula futhi uHamu ethi uyavuma na? Asiyikuphuzela ezinkambeni eziluhlaza. Usevuma uCetshwayo wase isikhumba senkomo wathi abelungu ababale uboya. Abelungu sebesa isigubu sophoko bethi akalubale uCetshwayo. Wasethi uCetshwayo nqiyokulwa langalinye angiyikuliphind a elesibili. Sebethi abelungu nabo bayolwa langalinye exbuthana amabutho ka Cetshwayo ebuthanelo oNdini eyabelungu isiza ngamizila mibili eyabelungu isise lilombane ngase Sandlwana uCetshwayo weyiphakake isiqonda khona usephaka amabzoza no Dududu no Khandampemvu, no Dloko, no Nkhenke, no Ve, neNgobamakhosi. Isingenisa ngomqibelo kuthe ngesonto ukhandapemvu lw se luyiyela lenayabelungu eSandlwana isiza ngamahashi lena yabelungu sekubaseng thi iyabaleka lena yabelungu kanti iyaluhola ukhandampemvu iluhlolela kwenkulu impi umgundatshani luthe ukuthi kufike ukhandampemvu wedubula umgundatshani lwalala phansi ukhandapemvu. Kwafika ombonambi kwadubula umgundatshani nombonambi wehluleka. Kwasekuvela ebamunye cethi "Kashongonjalo oka Ndaba saze saphelelapansi na? Asethelela nkoe amabutho nama Shishi ese ondele duze ase iizingeza isibaphakathi eyabelungu sebethi bayakhuleka saba abakhulu ab lungu bethi "Xolo abakwazulu sebebawaza kwaphuma wamunye umthonga umfow bo ka Cetshwayo owayengakubclungu. Usethi ukuphume usebuyela phesheyu ko Thekela lapha ye akhekhona uzibebu usewela u

S. .

K13/149

- S.279 umzinyathi no Dloko sebevimbela undlu ka Jim umlungu  
 sebeyigeda beyishisa. Isibuya eyakwazulu isithwala izinkubele  
 2. zakubo isifika kuCetshwayo kwa Nodwengu/isixoxake kuCetshwayo  
 ithi waxoxa besekuzwakala ukuthi nampa abelungu eDudusini  
 sebemoile w asethi uCetshwayo bangayi lapho ngoba abelungu  
 sebembila yadlula iNgobama khosi yayisa impi khona e Dudusini.  
 Yafika yaphela iNgobamakhosi iqedwa ngobelungu. Sebewachitha  
 wonke amabutho abelungu esebuyela ekhaya sekubuye kuhlalwanje  
 sengathi sekuphelile kuthe kusenjalo abelungu basebekhonjwa  
 esiklebeni sobewushisa umuzi ka Mpande wona waseSiklene.  
 Asebuthana amabutho kuthe kusabasebeqhamyuka abelungu kwa Nolele  
 umfolozi emhlophe wasethatha uCetshwayo esoyothela ngezinkomo  
 ngoba impi engasiyafuni sezibonwa yisinsiza uju Khandampemvu  
 uMatheshini ka Masiphula isithi "siyothela siphelile lezinkomo"  
 Seluziqhuba lonke uKhandampenvu luzisa eNkosini uCetshwayo  
 uCetshwayo useyihlomisa ngakusasa usesuka uZibebu ngeshasi  
 usefika e Mfolozi abelungu b sayobukuda usefika eyokha impi  
 ihashi abelungu uZibebu basebegibela amahashi sebephumile  
 emfuleni sebekwa Nolele lapho ababehlezi khona naye uZibebu  
 esegibela amahashi sebemxosha abelungu kanti ubaholela kulepi  
 ayishiye ihlomile ithe yethuka lena yabelungu exosha uZibebu  
 sekuhlwake. Kuthe kunjaloke kwase kuzwala emunye sethi "sebewale"  
 kanti kuthe ukuba kuthi kwaqa sekuhwalala basebemba abelungu  
 ngakwa Nodwengu ngasemnhlohlweni osesangweni Nodwengu selubophake  
 nodidi seluqonda esikhali seMbangayiya sebephunake abelungu  
 esikanekisweni sebeyokuyo kha isiza naboke sebebaleka abelungu  
 begonde esikanekisweni isifika esikanekisweni sekukha isiza  
 naboke sebebaleka abelungu begonda esikanekisweni isifika ese-  
 kanekisweni sekuthi mbo sekubuye kuthi ujuqu esekubuya sekuthi  
 juqu okukugcina kanti isixoshwa eyakwa Zulu sekuphuma umbayi-  
 mbayi njalo. Sekuzwakala abathi inkosi ishone ngesikhola  
 sika Mthalo-untengayo sekuzwakala abathi kayilandelwa inkosi  
 sekuzobusa enye. Sekuzwakala abathi abelungu kabassbulali  
 muntu sebembamba nje babuze lapho inkosi ikhona bese  
 bemyeka. Sebehambake abelungu sebeyithola eNgome inkosi

5279

K13 / 149

uCetshwayo beyitshengiswa ngu Mahashahaha owaye okhe khona. Sebeyibambake sebebuza ukuthi njengoba sikubamba nje sihamba nawe izwe lakho liyophathwa ngubani? "Use thi liyophathwa ngu Zibebu" Sebebekake abelungu bebeka uZibebu ka Maphitha sebebeka uMgojana ka Zwide sebebeka uHuma sebebekake abelungu bebeka uZibebu ka Maphatha sebebeka uMgojana ka Zwide sebebeka uHamu ka Mpande sebebeka uMfana-wendleka ka Manzini sebebeka Mnyamana ka Ngengelele usebunqaba ubukhos i sebebeka Mgamule ka Zobo usebunqaba kwelisenzanzi sebebeka uMavumengwane ka Ndlela sebehamba nayo inkosi bayibopha sebeyiweza ulwandle beyisa phesheya. uZibebu usebiza izinkomo zase bathw ni ku Hayiyana, iHayiyana useqa nazo eya o sethu wsemelandela ke uZibebu ngempi selufika uSuthu lwengaba nazo lwavumela uHayiyana sekuba kusuka kombango wo suthu no Mandlakazi wasehloma uMandlakazi esehlasela uSuthu no Suthu seluhloma useyeqela uMnyamana e yasoStuthu uthuma uNgingilo esehlasela uSuthu e thuma uNgingala Dudukuduku lokhu use thi beselubuye le eMandlangaleni. Sekuzwala ukuthi nansi inkosi 3 uCetshwayo isihlasela uMandlankazi lena yasoSidlu isingenissa eNxongwana sekufika uNombinda ege kuMandlakazi usefikethi u hi uZibebu kasedluli lapha eNdumishlane sekugwazwe izinkomo sekuhleziwe. Iziya eMsebe ingaphakiwe inodibi useyigwaza yonke uZibebu kuze kuse. Abasindileyo sebebuyela eZixhotsheni.

Usesuka uNdabuko ka Mpande uselanda inyanga uMbombo wakwa Ndwandwe useyihlanzia emfuleni eSikhwebezi uMbombo ephuma eMgungundlovu. umnyamana useyiphaka useyisa eNhla zatshe sekuthi laba abasinde ondini sebehlangana nalemp i ekade eyivimbezela ekhaya uZibebu eka Cetshwayo ingekho kuyizikhulu kuphela zafa zonke sesicingwake isidumbu kulezi mesikhulu asibonakali kanti sise nnkandla sebehamba bonke abasoSuthu ke be qnde eNkandla sekungeniswa uMu zi sekugeniswa ko Mokhonto sekungeniwa ko Keke sekufikwae eNkandla. Sebeyobona ixeba enkosini uCetshwayo usefica selipholile. Isibeka uMankulumana nomfezi ithi abayobona ezixhotsheni sekuzwakala ukuthi luphelile uSuthu emdendeni wako Madwala abafazi sebehebuka amazinyo

S.279 beginqika eMatsheni. Yahlala inkosi kwaxekwaphelunyaka isiyakha umuzi wakwa bulawayo sekufika abesuthu kephakwa ngabelungu isiya ko Sikhonyana wakwa khonza isifela khona lapho ingagulanga sekusweleka ukuthileahlwaphi isize inyke sekutholakale umuntu wengola isithalwake isiyolahliwa sekufizwa umuzi wakwa Shezi nkonko/nezihlandla nezindonga nezinkabe ehezihola inqoda sekuthiwa ziyokhokhwa. Isihloma eyabelungu neyabantu abakhelene nabalungu isizombulula inkosi izonquma imhanda yenzo isithombe isigwazwake eyabelungu igwazwa yilababantu abalabla inkosi. Sekufika uMehlokazulu ka Sihayo uzothaka uDininzulu uthathwa ngamabunu sekuse kwa sekungeniswa ko Keke sekungeniswa kwa Ntombela ngoNguguka Mpundulwana isingeniswa kwa hlezatshe lapho esesala khona uDinizulu isingenisa eSikhwebezi isingenisa uVuna isingenisa kwa Mnwembe ngakwa Nongoma. Kuyasa isiqonda nomo wuka kwa Nhlabela isiwuka eBanganomo isibona izintuli zika zibebu eNtshaneni asethi amabunu kuhle siye khona eTshanini eyaseyophuzwa amahashi asefiza uzibebu useyilungise kwavaleka yonke indawo yokuphuza. Sesighuma isibamu kuZibebu wamshaya wonke uButhelezi kwasekuqhamuka isibamu ka Zibebu wamshaya wonke uButhelezi kwasekuqhamuka uNdabuko esithi nabaleka belungu na? Asebaleka amabunu emkhuzi ithatha ekazibebu useyixosha njalo. Amabunu athukuba abaleke aseshaya wonke umuntu ayabe isakhetha ayamabunu washitheka uMandlakazi.

Lendaba ngiyizwa ngomuntu owayekhona yuve ibutho lakhe igama lakha uSamashungwane, kwa Magwaza Kwakhe ngase Nhlophenkulu ngibalanje yena uyakhula. Wayezizibona zonke lezizinto.

- S.279 5. Kwasukela inkosi inabantwana ababili amantombazane igama lenye intombazane kwakungu Nkabanhazana enye intombazane kwakungu Nkababomvu. Lenkosi iyayingeqonda lhlala emsamo.

Kwathi ngelinye langa lenkosi yenema ilima yathi kayiyohlakulelwu umbila n wayo. Bahambake abantu bebaningi amadoda, amakhosikazi, izalukazi namakhehla, namaxhegu, ayesemada impela akamba ngoba nakhu phola kwakuyohlakulwa insimu yenkosi. Kodwaks lamantombazane, uNkahahazana no Nkababomvu lasala ekhaya. Kuthe esahlezi lamantombazane, wasethi uNkabanhazana kuNkababomvu, ngisaya emfuleni mfowethu e ngiyokukha amanzi ngizokuya khona manje. Yayisigijima ke lentombazane ithe ingakafike ekhaya lasala laghuma iganda kwase kuphuma inyoka enkulu yabulala uNkabamvu.

Ithe ifika ekhaya lentombazane uNkabahazane, yayisibona igazi ligoloza lize lacishe lafike ngasesangweni. Yayisibonake lentombazane inyoka, umningi yinyoka enamakhanda ayisumi yayisithi lentombazane esikhukhukazini sayo, uma ngikuthuna lapha ungafika utheni? Sathi isikhukhuzai angingofika ngithi Gwe, Gwe, ngithi, Gwe, gwe, Yasithi intombazane wo, suka awukwazi ukukhuluma. Yayisibixa iqude layo intombazane uNkabanhazane esethi, uma ngikuthuma lapha ungafika uthini? Lase lithi iqhude, ngingafike ngithi, Nkunkulugu, Nkunkulugu." Yasithi intombazane suka awukwazi ukukhulu. UNkabanhazane wayesebiza uMakhisan wakhe ukuku emfishane wasethi kuyo, Tinkilitinigi, tinkilitingi, Nkabanhazane ba bulewe ekhaya no Nkababomvu. Usho njalo uMakhisan uyahlabelela. Yasithike intombazane hambake. Isimgqize ngamashoba ezinkomo ezithweni uMakhisan.

Wayesehambake uMakhisan eya lapho okwakuhlakulwa khona. Wafika uMakhisan wama phezu kwetshe, bona laba ababe hlakula bengaphansi kwetshe kudana kancane netshelelo eye emi kulo uMakhisan wasethike uMakhisan Tingilitinigi, Tingilitingi &Nkabanhazane babulewe ekhaya no Nkababomvu. Ebeselithi elinye ixhegu, "Akenithule, Akenithule, 6 Nkabanhazane babulewe no Nkababomvu.

S.279. Libuza ixhegu lingezwanga kahla. Basebelingenca ngegeja abantu bethi "Kuthini lokhu okuhlolela abantwana benkosi ukuba bafe?"

Waphinda uMakhisane wathi "Tilingiti gi, Tilingintingi, & Nkabanhazane babulewe ekhaya no Nkababomvu." Sasethi we isalukaz "Akenithule, & Nkabanhazane babulewe ekhaya no Nkababomvu?" Basebesigenca ngegeja bethi sihlolela abantwana benkosi ukuba bafa. Waphinda uMakhisane uthi "Tiilingitingi & Nkabanhazane babulewe ekhaya no Nkababomvu" Basebezwa bonke abantu ababehlakula, basebephendukezela amage ja sebelishaya ixhegu ngapha ngasemphininini, sasewika isalukazi nexhegu basebabuya bonke beya ekhaya no Makhisane.

Bathe ukuba bafike ekhaya yathi inkosi wonke umuntu kangene endlini nezingane zakhe, oyinkosikazi yenkoski. Wasethi uKabanhazane kuyise ngicela ukuya ekhya kamama, ngoba yena uNkabanhazane wayengafile kwafe uNkababomvu kuphela. Waye sevumake uyise ka Nkabanhazane inkosi. Wayesehamba uNkabanhazane eya ekhaya ko nina. egibele inkabi emhlophe embethe kahle ngoba phela ngu ntwanenkosi yathi inkosi wothi nxa ubona kushunqa kuntuthu wazi ukuthi sesifile yahamba intombazane yabeka emva yebona kushunqa intuthu ekhaya yayisifika phezu kwesiduli.

The ukuba efike phezu kwesiduli yama inkabi yayisichama yayisithi umbulu lapha phakathi esidulini isho intombazane eyayihlala nayo. Phuma uyothatha izinkuni zanu phanze ziyanesha kusho imbulu, ingakakwazi ukukhuluma kahle. Yathi intombazane isho embulwini suka unamanga akukho izinkuni ezinethayo alini. Yaphinda yachama inkabi imbulu yasho njengakuqala kodwa i tombazane yala. Ithe isuka yayisiphuma intombazane le eyimbulu isithi "Hau kanti kunataka gogo" isithi intombazane uNkabanhazane wake wambona umtaka gogo wakho enye. Yayisithi imbulu "Hau kanti ngumtaka dade" Yayisithi intobazane, uKabanhazane wake wambona umtaka dadweni enye. Yayisithi imbulu, akungigibelise yaseyehla intombazane enkabini uNkabanhazane sekugihela imbulu. Ithe ukuba ibone imbulu ukuthi yembethe kabi yasishitsha, isithatha

S.279 esentombazane isiphuku sona esihle lokhu esayo sasilukhuni imbulu. Bahamba imbulu ingasavumi nesiphuka sika Nkabahlazane nekabi yakhe isilokhu ngizonika ibuye imbulu ingayinika intombazane baze bafika ekhaya. Babingelelwa yathi intombamzane "Yebo" kwasekuthiwa intombazane izolinda imbulu kube ngamankoti ngoba intombazane yembethe kabi yembethe isikhumba sembulu sebecabanga bethi uNkabahlazane uyimbulu imbulu yona ingumakoti. Yahambake intombazane iyolinda aonaxhegwana. / uSomaxhegwana ke yighegu olalilinda amabele kungelakhona lapha lapha okwakuhlala khona uNkabahlazane.

7. Bahamba ke lentombazane uNkabahlazane nexhegu bafika ensimini balindake. "ifike ke izinyoni zithi bu- u u u u ziziningi zifeke zihlale ensimini yexhegu exhegu lezisuse, besezihlala ensimini yentombazane uNkabahlazane lokhu ek eyakhe ingezanzi eyexhegu engihla. Ebeselememeza ixhegu lithi "Nazo Msilawezinja," Ibisithi intobazane ihlabelela, "Thayi, thayi thayi isime yodae le edliwa zinyoni nokho kungedade wethu walutho kuyimbulu umahashane aziqagede" Abesisukake iziyoni ide yenzanjaloce intombazane. Lentombazane ilala nesalukazi ide ithi akuvele ukudla netshwala ebusuku bese ithi singabokusho isakukazi. Amagula aye esephelile yimbulu akusiyo imbulu. Basebemba umgodi befaka amasi phakathi ngokhamba basebethi aweqiwe lomgodi yibobonke abalobokazi. Basebeqa yathi iyega imbulu yakhalakathela basebeyingqiba.

Dukuduku kwamila ibece lapho owakuggitshee khona imbulu waselithatha uNkabahlazane lokhu usengumlobokazi esenengane eyodwa walipheka wasepbuma eyogaya kwenye indlu eshiya ingane eyilalisike ibece selizovuthwa kwasale kwaphuma okuyibede kwalala ecansini kwa embesa ngesiphuku ingane kwayipheka utha efika uNkabahlazane wabona ukuthi yingane le esibodweni lapha ethi uyabonda. Kwaphuma esiphukweni okuyibece kanti bekuyimbulu kwagijima kwathi "waphekumtanakhe wathi yibece" Kwabaleka njalo iyaphelake.

Lenganekwanengiyizwa ngozogo ozala uPhefeni.

*END 5279*